

# MANDENI NEWS



Third Quarter | January - March 2018

## MANDENI HOST A SUCCESSFUL SOD-TURNING EVENT

Mandeni Local Municipality in partnership with the iLembe District Municipality hosted a Sod-turning event at Shekembuya Creche on Sunday the 18th of March 2018.

Addressing the community Mandeni Municipal Speaker Cllr Makhosazana Zungu firstly urged the community to not damage municipal infrastructure when engaging

in protest action. "We should ensure that we do not deprive or infringe other people's rights like ward Cllrs and other community representatives when we protest," she said.

The Speaker also stated that the main aim of the event is to fix and resolve old issues that were created by the previous Contractors who were contracted to fix water related crisis for all iSithebe wards like ward 6, 7, 10, 11, 16, 17 and 18.

the project will take the duration of 39 weeks which is about 9 months. "I also warn the residents of the affected wards not to disturb the project, I will be failing my duty also if I do not announce that job opportunities will be created in this regard" said the Mayor.

In as far as the Mathonsi Traditional Council is concerned Mr V Mathonsi said he is excited for the project and also warned the contractors not to disturb people's households. "In conclusion I wish to urge a close and a harmonious working relationship between ward Cllrs and Mathonsi traditional council." he said.

Also present in the event were ward Cllrs from iSithebe or affected wards, iLembe Deputy Mayor Cllr Dolly Shandu, iLembe district municipality Speaker Cllr Lucky Makhathini and entire residents from Mandeni wards.



From left to right is Mr V Mathonsi from Mathonsi traditional council, iLembe district Mayor Cllr Sduduzo Gumede, iLembe Cllr Sandip, and Mandeni Speaker Cllr Makhosazana Zungu.

His Worship the Mayor of iLembe District Municipality Cllr Sduduzo Gumede said the main aim is to also fix problems related to iNdulinde Water Supply Scheme repairs. "It is vital that we do this otherwise we will be wasting government's funds," he said. Mayor Gumede further announced that



MANDENI HOST A SUCCESSFUL SOD-TURNING EVENT



MAYOR ZULU CONGRATULATE MATRIC TOP ACHIEVERS



ACTING MUNICIPAL MANAGER'S MESSAGE

## MAYOR ZULU CONGRATULATE MATRIC TOP ACHIEVERS

Mayor Zulu congratulate matric top achievers Mandeni Municipality Mayor Cllr Sphehile Basil Zulu congratulated the Municipality's top 2017 matric achievers on Wednesday, 10 January 2018 at the Sibusisiwe Hall boardroom.

The three Mandeni top achievers



From left to right: Ndimiso Skhakhane, Mandeni Mayor Cllr Sphehile Zulu, Sandile Ngubande, Sandile's parent Miss Zanele Ngubande, Nkanyiso Mhlongo, and Nkanyiso's father Mr Musa Mhlongo.

Nkanyiso Mhlongo from Thokoza section in ward 7 matriculated at Impoqabulungu high school and intends to study medicine at Wits. Sandile Ngubande from Matshekesheni area in ward 5 and Ndimiso Sikhakhane from Masomonco area in ward 10 have both matriculated at uDumo high

School. Sandile intends to study Law at the University of Zululand, Ndimiso will study pharmacy at the University of KwaZulu Natal. Nkanyiso Mhlongo obtained 7 A's while both Ndimiso Skhakhane and Sandile Ngubande attained 6 distinctions A's.

Mayor Zulu congratulated the matriculants for

achieving great academic results, "I would like to congratulate you all for hoisting Mandeni flag high and putting our Municipality on the map" Mayor Zulu said.

The Mayor also thanked the parents for allocating time for learners to study as well as the learners who showed dedication towards their studies and refrained from engaging in social ills such as drugs and alcohols.

In conclusion Mayor Zulu advised the learners to go and represent Mandeni and their families in the institutions of higher learning and cautioned them not to get involved in drugs and alcohol. "For now please ensure that you stick to your studies and rest will follow." The Mayor said.



ENLIGHTENING POLICY REVIEW SESSION HELD IN MANDENI



LEARNERS REJOICE AT DONATION OF SCHOOL UNIFORMS



MANDENI HOST A SUCCESSFUL SOD-TURNING EVENT



EXECUTIVE COMMITTEE GATHERS TO REFLECT ON MUNICIPAL PROGRAMS

## MANDENI MAYOR'S MESSAGE



Mayor - Cllr. Sphehile Zulu

As we finish the third quarter of the year 2017/2018, Mandeni Municipality remains optimistic towards developing the communities

of Mandeni. We are streamlining ahead with our vision of being a reliable people-centred and sustainable economic hub by 2030.

This year, President Cyril Ramaphosa declared 2018 the year of Nelson Rolihlahla Mandela. Government has also called on us all to play our part in recognising and emulating the values of our first democratic President. It is through this call that Mandeni is more focused than ever towards creating a municipality that promotes the principles of Batho Pele and the Back to Basics program that is committed towards selfless service for the community.

We recently held a policy review session to take an in-depth look at the municipality's policies and determine whether objectives are being met through the policies in place. It was highlighted in the session that more programmes to address youth issues such as education and sports are crucial towards investing in a youth that will be able to be independent in the future. The Mayoral Bursary Scheme continues to be at the forefront towards youth development in Mandeni and is one of our many initiatives which help boost our youth in education and skills development. The Youth Driver Training Education Programme also

helps to assist open many more employment opportunities to our youth in our community. Investing towards the refurbishment of Isithebe Industrial Park is reaping rewards as we recently welcomed a R100 million Whirlpool plant expansion at the Industrial Park. The plant expansion is a welcomed investment in Mandeni and revitalises business trust back into the Isithebe Industrial Park. We also welcome provincial government's goal of modelling Isithebe Industrial Estate into a development area for heavy industry. The area's proximity to the King Shaka Airport and the Durban Harbour makes this possible. Work is also under way to explore the possibility of Isithebe being part of the broader Richards Bay Industrial Sector Special Economic Zone. This is good news for our community, as more job opportunities and skills development will now be a possibility in Mandeni, contributing towards ending the scourge of poverty and unemployment.

We are proud to have our own economic hub of Isithebe Industrial Park, we urge all residents of Mandeni to protect Isithebe from vandalism and any opportunistic acts of violence.

Mandeni is indeed one of the fastest growing towns in our region.

## MUNICIPAL MANAGER'S MESSAGE



Municipal Manager Sizwe Khuzwayo

As we roll up our sleeves to make Mandeni Municipality better for our people, we remain

deeply committed towards improving the lives of its people. During the course of this year we will be adopting and reviewing policies that will be of benefit to our communities.

We are living no stone unturned with our corporate stakeholders to restore the confidence of investors in Isithebe Industrial Park. It is vital for all of us to ensure that Mandeni is able to capitalise on its strategic location which is in-between Richards Bay and Durban to maintain our economic hub. We recently welcomed the R100 million Whirlpool plant expansion project at the Industrial Park. Whirlpool is the largest manufacturer of refrigerators in Southern Africa and their establishment in our Municipality is a confidence booster that showcases levels of confidence of the Isithebe Industrial Park.

As per the legislation the municipality ensures strong public participation structures that we encourage all our communities to utilize in engaging council such as various ward committee forums and war rooms. We rely on these structures for information, dissemination and other community

engagements. We are currently busy with our IDP and Budget 2018/19 engagements for the community to be able to make inputs and suggestions to the Municipality.

Our Executive Committee also took the time to go through the activities that took place during the first six months of the 2017/2018 financial year and to map a way forward for the rest of the financial year. We are working hard with council to ensure that we achieve a clean administration that delivers to its people.

We have committed ourselves in ensuring that Mandeni delivers fast and effective delivery to its rate payers. We have also urged all our staff members and councillors to roll up their sleeves in ensuring that we speed up service delivery all citizens of Mandeni Municipality.

I thank you.



Mayor Zulu officially opening the policy review session.

## ENLIGHTENING POLICY REVIEW SESSION HELD IN MANDENI

Mandeni Local Municipality held a three day Policy Review Session at the Mandeni Golf Club from the 13th to 15th of March 2018.

The aim of the policy review was to take an in-depth look at the municipality's policies and determine whether objectives are being met through the policies. Addressing the session His Worship Mayor Cllr Sphesihle Zulu said he feels honoured to be part of the review session as this is a moment for all in the session to reflect and evolve the policies to better the Mandeni Municipality. "We are here today to engage robustly and honestly with aim of reviewing our policies as Mandeni municipality, to guide our decision-making policies to bring order in all our policies as the council, even when we speak as Cllrs we should speak the policies of the council," said Mayor Zulu. Mayor Zulu further commented that it is vital to understand the policies of the council.

Mayor Zulu also urged all Easter Holiday makers to be safe on the roads as they embark on their different journeys. "We must all work together in decreasing the

number of fatalities on our roads, we should all preach the gospel of safety and play a central role in saving people's lives," said the Mayor.

I will be failing my duty if I don't also remind you that this year is regarded as the Mandela Centenary so Mandeni should emulate Dr Nelson Mandela's programmes this year "We must have programme that will address youthful issues like education under his name, we must have sports programme under his name, but on top of all as Mandeni we are coming from the huge decline like the loss of the clean audit and I must say we must put more of our focus to regain clean audit, furthermore we need to see a detailed plan as to who is doing what and when in order to regain the clean audit," said the Mayor.

Among the policies that were overlooked we can mention the Indigent management policy, credit control and debt collection policy, property rates policy, supply chain management policy, budget management policy, virement policy, travel and subsistence policy and new policies.



Caption Mandeni ward Cllrs, Directors, Managers and other officials who formed part of the policy review session.

## MUNICIPALITY WELCOMES WHIRLPOOL PLANT EXPANSION

Mandeni Local Municipality welcomed the R100 million plant expansion at the Isithebe Industrial Park. The plant expansion is a welcomed investment in Mandeni and revitalises business trust back into the Isithebe Industrial Park.

Transport, Community Safety and Liaison MEC Mxolisi Kaunda attended the unveiling of the Whirlpool Plant on behalf of Economic Development MEC Sihle Zikalala. MEC Kaunda hailed the move as one that would revive investor confidence by the big conglomerates in Isithebe.

The Isithebe Industrial Estate was reduced to ashes during violent protests by the community. Thousands were left unemployed following the violent protest which left some factories in Isithebe destroyed.

Whirlpool was among the companies that remained and invested in the recovery of the manufacturing sector in the area. MEC Kaunda commended Whirlpool saying that the provincial government's long term plans for Isithebe Industrial Estate was to make it the mainstay of manufacturing. "The area's

proximity to the King Shaka airport and the Durban Harbour is in-line with our goal of modelling Isithebe Industrial Estate into a development area for heavy industry. Work is also under way to explore the possibility of Isithebe being part of the broader Richards Bay Industrial Sector Special Economic Zone," Kaunda said. In a statement MEC Zikalala said in a statement: "Major investments have also

taken place in our special economic zones in the recent past.

We will continue to aggressively sell our province as a destination for investment. "Mandeni local municipality Mayor Cllr Sphesihle Zulu and Speaker Cllr Makhosazane Zungu were present for the tour of the newly extended plant.



From left to right: Ndumiso Skhakhane, Mandeni Mayor Cllr Sphesihle Zulu, Sandile Ngubande, Sandile's parent Miss Zanele Ngubande, Nkanyiso Mhlongo, and Nkanyiso's father Mr Musa Mhlongo.

## LEARNERS REJOICE AT DONATION OF SCHOOL UNIFORMS

In line with the Nelson Mandela Centenary, Mandeni Municipality in partnership with Nonotainment and Metso Minerals donated school uniforms to over 24 disadvantaged learners at Mangethe primary school on Tuesday the 13th of February 2018.

Mandeni Mayor Cllr Sphesihle Basil Zulu



Seated from left to right: Ward Cllr Mkhanyiselwa Mngadi, Nono Biyela, Mandeni Speaker Cllr Makhosazana Zungu, Mandeni Mayor Cllr Sphesihle Zulu and Miss SN Sthole (Principal). Standing behind: Excited Mangethe Primary School learners and community members.

thanked Nonotainment and Metso Minerals for the great support they have shown by ensuring that the donation is being obtained and making contribution to the education system. “What you have done is the great investment to the young people of Mandeni, I am quite certain that this will restore dignity to the African child as it will help bring hope to disadvantaged learners of Mangethe primary school,” he said.

The Mayor further urged community members and parents to ensure that they take full ownership of the school by policing their school in order to avoid school vandalism.

Thulani Makhoba from Metso Minerals said as local business people they are prepared to do more and contribute to the wellness of the school only if community members take full ownership of the school and its property, on the other hand Nono Biyela co-owner of Nonotainment

group and the driver of the project was also delighted to be part of those who plough back to the community.

“I am very happy to be able to assist as I also was once a learner without a school uniform,” said Biyela. Speaking on behalf of the school, school Principle, Miss Mathonsi extended

sincere thanks to both the municipality leadership and local business people for choosing Mangethe primary. “Our hands are open to all sponsors and other local businesses who are interested in sponsoring or investing in our school as we are located in the disadvantaged community,” said Principle Mathonsi.

The donations included full school uniforms with school shoes. Mandeni Speaker Cllr Makhosazana Zungu, Cllr Zamisile Mdletshe, Cllr Melody Mdunge, ward Cllr Mkhanyiselwa Mngadi and members of the community.

## EXECUTIVE COMMITTEE GATHERS TO REFLECT ON MUNICIPAL PROGRAMS

Mandeni Municipality Executive Committee (EXCO) members gathered to reflect on Municipal activities which took place in the first six months of the current 2017/2018 financial year. The two day Exco gathering was held in Zinkwazi on the 15th and 16th of January 2018.

Mandeni Mayor Cllr Sphesihle Zulu said the Municipality with assistance from the community will build on achievements previously made in serving the community. “Together we will build on achievements made in delivering basic services to the people, improve access to municipal services, reduce outsourcing in the municipality, further improve public participation and accountability of councillors, develop and strengthen local economies, create jobs and promote job placements especially for the youth and promote education as the apex priority in

local communities,” said Mayor Zulu.

Municipal Manager Mr Sizwe Khuzwayo said the annual gathering to reflect on how the municipality performed with its IDP in the first six months of the financial year.

“This gathering will guide us in preparing for our next financial year, focusing on good governance and public participation, institutional arrangements and transformation, basic service delivery and infrastructure development,” said Khuzwayo.

The EXCO recommended the implementation of fleet management policy and consequence management, radical approach on finding a long term solution on cemetery

establishment site, awareness campaign with regard to waste management, issues affecting youth and influencing of the curriculum of uMfolozi TVET colleges were also among the recommendations made in the gathering.



Standing from left to right: Cllr Mlungisi Shelembe, Cllr Xolani Mdletshe, Cllr Nomisa Shandu, Mandeni Municipal Manager Mr Sizwe Khuzwayo, and Cllr Linda Mdletshe. Seated from left to right is Cllr Ntombizodwa Ntuli, Mandeni Speaker Cllr Makhosazana Zungu, Mandeni Mayor Cllr Sphesihle Zulu, Mandeni Deputy Mayor Cllr Phindile Sishi and Cllr Melody Mdunge.

## IMPORTANT NUMBERS

Mandeni Municipality - 032 456 8200  
 Isithebe Clinic - 031 459 6500  
 Hlomendlini Clinic - 032 454 7074/73  
 Sundumbili Clinic - 032 454 7500  
 Ndulinde Clinic - 032 455 2040  
 Father Gerald - 032 456 2743  
 Mandeni Welfare - 032 456 5000  
 Sunbumbili Welfare - 032 454 1219

SASSA - 032 454 7306  
 DPT of Social Development - 032 4541219  
 Swimming Pool - 032 456 7715  
 Sundumbili Library - 032 454 0111  
 SAPS Sundumbili - 032 454 7800  
 SAPS Mandeni - 032 456 7000  
 SAPS New Ark - 032 457 0320  
 SAPS Nyoni - 032 455 1055

Love Life - 032 454 2829  
 Youth Advisory Centre - 032 456 8343  
 Ilembe water - 083 562 8400  
 Protection Service - 032 456 8273 / 082 561 1072  
 Eskom Mandeni - 032 456 2004  
 Eskom Call Centre - 086 0037 566  
 Standby for Mandeni electricity - 076 091 3960

# IZINDABA ZASE MANDENI



Ikota yesithathu | uMasingana - uNdasas 2018

## KUZOLUNGIWA AMAPHUTHA OSONKONTILAKI EMANDENI

Umphakathi waseMandeni eNyakatho yesiFundazwe unxuswe ukuba ubambe iqhaza emizamweni yokuvikela ingqalasizinda kaHulumeni yokuletha intuthuko kubantu. Lokhu kulandela umhlangano womphakathi obumhlaka 18 kuMashi 2018, nobubanjwe ngenhloso yokulungisa umonakalo owadeleka ngesikhathi uSontkontilaki owayethole umsebenzi wokufakela amapayipi amanzi endaweni yakwaSithebe namaphethelo ehluleka okwenza lomsebenzi. USomlomo woMkhandlu waseMandeni uKhansela Makhosazana Zungu ucele lomphakathi ukuba

uphathise ingqalasizinda okwezikhali zamaNtungwa.

UKhansela Zungu obehambisana neziphathimamndla zikamasipala weLembe, amaKhansela oMkhandlu waseMandeni, kanye nobuholi nendabuko besizwe sakwaMathonsi. Bonke abaholi ebebehambele lomhlangano okubalwa kubo uSekela-Meya weLembe uKhansela Dolly Shandu bahlabe ikhwelo emphakathini wakwaSithebe namaphethelo ukuba abantu bakunqande ukucekelwa phansi kwengqalasizinda. "Kuyilunge-lo lomphakathi ukuba uzwakalise izikhalazo zawo, kodwa kumele umphakathi ungakhohlwa ukuthi kumele lokho kwenzeke ngokulandela imigudu efanele" kusho uSomlomo. Uphinde wabuyisa ithembe kubahlali baseMandeni ikakhulukazi endaweni yakwaSithebe wathi bengamaKhansela bazolusukumela ngokushesha udaba lokufakelwa kwamanzi ku-ward 6, 7, 10, 11, 12, 16, 17 naku 18.

Ngakolunye uhlangatho uMeya wesifunda seLembe iKhansela Sduzuzo Gumede uphakamise ukuba kulungiswe uhlelo lokuhanjiswa kwamanzi nakubize nge-Ndulinde Bulk Water Supply Scheme. "Kubalulekile ukuthi zilungiswe izinkinga ezibhekene naloluhlelo, uma kungenjalo inkinga yokungabibikho kwamanzi izoqhubeka" usho kanje. Uphinde wanxusa umphakathi ubambisane noHulumeni ezinhlelweni zakhe zokuletha impilo engcono kubantu, wathi izinhlelo ezifuze lezi zibalulekile njengoba zikhanda amathuba omsebenzi. Ngakwelinye icala ubuholi besizwe sakwaMathonsi busithakasele isimemezelo sokuxazulula inkinga yamanzi. "Siyayemukela imizamo kaHulumeni yokuletha impilo engcono kubantu, sinxusa ukubambisana phakathi komphakathi nalabo abanikezwe umsebenzi wokulungisa ingqalasizinda" kusho uMnuz V Mathonsi egameni lobuholi bakwaMathonsi.



Kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla: uMnuz V Mathonsi owakuMkhandlu weNdabuko waseMathonsi, uMeya wesiFundi iLembe uCllr Sduzuzo Gumede, ikhansela loMasipala iLembe uCllr Sandip kanye noSomlomo waseMandeni uCllr Makhosazana Zungu.



KUZOLUNGIWA AMAPHUTHA OSONKONTILAKI EMANDENI



UMEYA UZULU UBONGELE ABAPHASE NGAMALENGISO KWELESHUMI



UMYALEZO KAMEYA WASEMANDENI



UMYALEZO KAMENENJA KAMASIPALA

## UMEYA UZULU UBONGELE ABAPHASE NGAMALENGISO KWELESHUMI

UMeya woMkhandlu waseMandeni uKhansela Sphesihle Zulu ubongele abafundi abaphase ibanga likaMatikuleletsheni ngamalengiso ngoLwesithathu lwango mhla

ziyishumi kuMasingana ku 2018 ehlo lomphakathi iSibusisiwe.

Labafundi abathathu abathole ithuba elingandile lokuxhawula

kuMeya bangoNkanyiso Mhlongo obefunda eMpoqabulungu High School othole o"A" abayisikhombisa, uSandile Ngubande, noNdumisa Skhakhane bobabili ebefunda oDumo High School, abaphase ngokulingana ngokuthola o" A" abayisithupha ngamunye. Ephefumula ngempumelelo yalabafundi uMeya uZulu

uthe" Ngiyaziqhenya ngempumelelo yalabafundi futhi ngithanda ukubabongela ngokuphakamisela phezu ifulegi laseMandeni, kanye nokubeka lendawo kwibalazwe.

Eqhuba uSodolobha udlulise amagama okubonga kubazali babafundi ngokuqinisekisa ukuthi izingane zithola ithuba elanele lokuzilungiselela izivivinyo. "Sengiphetha ngiyandinxusa ukuba nifike ezikhungweni zemfundo ephakeme nimele indawo yaseMandeni niphinde nibeke imindeni yenu phambili futhi ningazihlanganisi nezidakamizwa nophuzo oludakayo okwamanje zihlanganiseni nemfundo okunye kuzolandela" usho kanje.



Kusukela kwesokunxele uNdumiso Skhakhane, uMeya waseMandeni uKhansela Sphesihle Zulu. uMzali kaSandile uNksz Zanele Ngubande, uNkanyiso Mhlongo kanye nobaba wakhe uMnuz Siphso Mhlongo



KUBUYEKEZWE INQUBOMGOMO KAMASIPALA WASEMANDENI



ISASASA KUKHULISWA IMBONI YASEWHIRLPOOL EMANDENI



INHLOKOMO ABAFUNDI BENIKELELWA NGENEMFANISWANO EMANGETHE



KUBUYEKEZWE IZINHLELO ZOMKHANDLU EMANDENI

## UMYALEZO KAMEYA



Mayor - Cllr. Sphesihle Zulu

Njengoba siqeda isigaba sesithathu sonyaka-mali ka-2017/18, siwuMkhandlu waseMandeni sisakubeke eqhulwini ukuthuthukisa imiphakathi yaseMandeni, futhi sisaqhubeka nombono ka-2030 wokwenza iMandeni ibe yisizinda somnotho esonozinzo, futhi esethembekile kubantu baso.

Lonyaka uMongameli wezwe uMnuz Cyril Ramaphosa uwumemezele njengonyaka wokugubha, nokubungaza ikhulu-nyaka lempilo kaMongameli wokuqala wentando yeningi uDokotela Rholihlahla Nelson Mandela. Nohulumeni uphinde wasigqugquzela ukuba singakhohlwa yizinkolelelo zikaMongameli wokuqala wentando yeningi uDkt Nelson Mandela. Ngaleyondlela siyiMandeni sizibophezele ekudaleni, nasekuphakamiseni imigomo ye-Batho-Pele, kanye neyohlelo lwe"Azibuyele Emasweni" ngenhloso yokuhambisa izidingo zomphakathi.

Kamuva-nje sisanda kuba nohlelo lokubuyekeza imigomo yoMkhandlu ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi izinhloso zikaMasipala ziyafezeka ngokusebenzisa lemigomo. Kuloluhlelo lokubuyeza imigomo kuye kwahlaluka ukuthi ziningi izinhlelo okumele zibhekwa ukuze kuhlomule, kuphinde kuthuthukiswe abantu abasha base Mandeni okuyizinhlelo ezithinta ezemfundo, kanye nezemidlalo. Uhlelo loMkhandlu lokunikezela ngemifundaze, nokulekelela ngemali yokubhalisa ezikhungweni zemfundo ephakeme lungezinye zezinhlelo zokwelula isandla nokuthuthukisa intsha yaseMandeni kwezemfundo nezobuciko. Siphinde sibonohlelo lokunikezela ngezincwadi zokushayela

nolubonakala luwusizo olukhulu entsheni ukuzama ukudala amathuba emisebenzi. Uhlelo lokuveselela kabusha izimboni zakwaSithebe lubukeka luthela izithelo njengoba sisanda kwamukela uxhaso lwezinkulungwane eziyikhulu (R100 million) lokunwetshwa, nokukhuliswa kwemboni yakwa-Whirlpool nokuwuhlelo oluzadlala indima enkulu ekudaleni emanye amathuba emisebenzi. Loluxhaso lwemukelwe ngezandla ezimhlophe eMandeni, kanti lunegxathu elikhulu ekuthuthukisweni nasevuselelweni kwezimboni zakwaSithebe. Lokhu kuzophinde kuqinisekiswa ukuba seduze kwesikhulumulo sezindiza iKing Shaka, neChweba lasi-Richardsbay, futhi kusenomsebenzi omkhulu wokwenza izimboni zakwaSithebe ukuba zidle ngakhezo lunye nezimboni zaseRichardsbay. Lokhu kubukeka kuzindaba ezinhle njengoba kuzodaleka amathuba amaningi emisebenzi kubantu baseMandeni.

SiyiMandeni siyaziqhenya ngokuba nesizinda sethu sezomnotho okuyiSithebe Industrial Park, ngalawomazwi sinxusa abahlali, nezakhamizi zaseMandeni ukuba zifinqe imikhono zinqande ukucekelwa phansi kwengqalasizinda kanye nezimboni zakwaSithebe.

Ngiyabonga

## UMYALEZO KAMENENJA WAMASIPALA



Municipal Manager Sizwe Khuzwayo

NjengoMkhandlu waseMandeni sifinqa imikhono ukuze senze iMandeni ibe indawo ephokophelele ukushintsha nokuguqula izimpilo zabantu bayo. Kulonyaka-mali

sihlose ukubuyekeza imigomo ezohlomulisa umphakathi waseMandeni.

Sihlose ukubhukula kanye nazo zonke izinhlelo ezithintekayo ukuze siqinisekise, siphinde sibuyise ukuzethemba kubatshali-zimali khona bezokwazi ukutshala izimali zabo ezimbonini zakwaSithebe. Kubalulekile futhi ukuhlonza nokubeka indawo yethu eqhulwini ikakhulukazi njengoba itholakala phakathi kwamachweba amakhulu okuyi-Richardsbay neTheku ukugcina indawo yethu njengesizinda sezomnotho esonozinzo kubantu baso. Kamuva sisanda kwamukela uxhaso lwezinkulungwane eziyikhulu (R100 million) zokukhuliswa nokunwetshwa kwemboni ekhiqiza iziqandisi, imishini yokuwasha nokunye okuyi-Whirlpool ezinze kwaSithebe nokuyimboni enkulu eNingizimu Afrika ekhiqiza lemikhiqizo.

NgokwesiShayamthetho siyiMandeni siqinisekisa ukubambisana phakathi kwezinhlelo zomphakathi ezithintekayo, siphinde sigqugquzele imiphakathi yethu ukuba isebenzise amaKomiti ezigceme, nezinye izakhiwo zomphakathi ekuzwakaliseni ilaka layo eMkhandlwini ngoba ukufinyelela nokudluliswa kolwazi oluqhamuka

emiphakathini kuncike kulezizakhiwo, noma izinhlelo zomphakathi ezingenhlala. Okwamanje sisemshikashikeni wemihlangano yesabelo-mali kanye nentuthuko edidiyelwe (IDP & Budget 2018/19) ukuze imiphakathi ikwazi ukuzwakalisa imibono nezimvo zayo eMkhandlwini.

Isigungu esiphezulu soMkhandlu sizinike isikhathi esanele sokubukisisa nokubuyekeza izinhlelo zonyaka-mali zezinyanga zokuqala eziyisithupha zonyaka-mali ka-2017/18. SiwuMkhandlu sisebenza ngokuzikhandla ekuthenini sibe nesikhungo nezisebenzi ezizokwazi ukufezekisa iphupho lokuhambisa izidingo-ngqangi kubantu baseMandeni. Ngakolunye uhlangothi sizimisele siwuMkhandlu ukuqinisekisa ukuthi iMandeni ihambisa izidingo zabantu ngokukhulu ukushesha, nangesikhathi esifanelekile kubakhokhi-ntela baseMandeni.

SiwuMkhandlu sifisa ukuphinde sinxuse siphinde sigqugquzele abasebenzi boMkhandlu kanye namaKhansela ukuba babhukule, futhi basebenze ngokuzikhandla ukuze kufezekiswe iphupho lokuhambisa izidingo kubantu, noma abahlali baseMandeni.

Ngiyabonga



uMeya uCllr Sphesihle Zulu kwinkulumbo yakhe kwinqubomgomo.

## KUBUYEKEZWE INQUBOMGOMO KAMASIPALA WASEMANDENI

UMkandlu kaMasipala waseMandeni ngaphansi kobuholi bukaMeya uKhansela Sphesihle Basil Zulu ubenochungechunge lombuthwano wezinsuku ezintathu eMandeni Golf Club kusukela ngoLwesibili lwangomhla ziyishumi nantathu kuya kuLwesine lwangomhlaziyishumi nanhlanu kuNdasa (13-15 March 2018) ngenhloso yokubuyezeza inqubomgomo yokusebenza koMkhandlu.

Evula ngokusemthethweni uMeya woMkhandlu uZulu uthethe inhlosongqangi yalombuthwano ukubuyezwa kuphinde kuchibiyelwe eminye yemigomo elawula ukusebenza koMkhandlu kaMasipala waseMandeni. “Ngizwa ngihloniphekile kakhulu ngokuba yingxeny yalombuthwano, esizokwenza namuhla kumele kube nomthelela ezinqumweni esizithathayo njengoMkhandlu ngisho sixoxa singamakhansela kumele sikhulume ngemigomo elawula ukusebenza koMkhandlu” usho kanje. Uphinde wathi kumele sonke siwuMkhandlu siyiqonde kahle indlela yokusebenza kwemigomo kamasipala.

“Ngiyobe anginakho ukwethembeka uma nginganikhumbuzi futhi ukuthi lonyaka uthathwa njengonyaka wokubungaza

noma ukugubha ikhulunyaka lempilo kaMongameli wokuqala wentando yeningi uDokotela Nelson Rholihlahla Mandela, siyiMandeni kumele sibenezinhlelo zezemidlalo, kanye nezinhlelo zezemfundo njengalokhu uMadibalezi kwakuyizinto eyezikhonzile futhi eziqhakambisa kakhulu” usho kanje. Uqhube wathi uMkhandlu waseMandeni uphuma esikhathini esibi lapho uthole khona umbiko onogcobho kuMgcinimabhuku (Auditor General), wathi kumele uMkhandlu ufinqe imikhono ubhukule ukuze kuphinde kutholakale umbiko ongenagcobho kuMgcinimabhuku.

Phakathi kwemigomo ethe yabuyezwa kulombuthwano kubalwa umgomo wokulekelela labobahlali abangakwazi ukukhokha intela yoMkhandlu ngenxa yesimo sokuthi abasebenzi noma bahola kancane (Indigent Policy), umgomo wokukhokha nokuqoqwa kwezikweletu zoMkhandlu, umgomo wokukhishwa kwemisebenzi kaMasipala (Supply Chain Policy), umgomo wokusetshenziswa kwemali yoMkhandlu (Budget Policy), umgomo olawula ukusetshenziswa kwezimoto zoMkhandlu. Njll



Amakhansela, abaqondisi, amamenenja kanye nezisebenzi zomasipala ezibe ingxenye yenqubomgomo yase-Mandeni.

## ISASASA KUKHULISWA IMBONI YASEWHIRLPOOL EMANDENI

Lwamukelwe ngezandla ezimhlophe uxhaso kanye nohlelo lokunwetshwa nokukhuliswa kwemboni ekhiqiza iziqandisi phelezi (Refrigerators), imishini yokuwasha i-Whirlpool ezinze eMandeni endaweni yakwaSithebe. Ngokwabenzindaba ibalelwa kwizigidi eziyishumi (R100 million) imali ebekelwe ukwenza nokufezekiswa kwalomsebenzi.

UMkhandlu waseMandeni ngomlomo kaMeya uKhansela S.B Zulu ikwamukele ngezandla ezimhlophe ukukhuliswa kwalemboni, kanti kubukeka kuzosiza ekusimamiseni isimo sezomnotho iphinde ibuyise uzinzo ezimbonini zakwaSithebe. Kuzokhumbuleka ukuthi lezimboni zikezakhungathwa udlame oluholele ekutheni kugcine kunqonqiswe ngomlilo ingxenye yalezimboni nokwaphinde kwadala ukwehla kwezinga lezomnotho wakulendawo.

IWhirlpool ibalwa kanye nalezomboni ezasala ngenxoso yokuthuthukisa nokubuyisa isimo endaweni yaso kwaSithebe.

Ephawula uMphathiswa wezokuthutha nokuphepha komphakathi uMnuz Mxolisi Kaunda nobekhumela uMphathiswa wezokuthuthukiswa komnotho kwaZulu-Natali uMnuz Sihle Zikalala uthethe bewuHulumeni

balushayela izandla loluhlelo lokukhuliswa nokunwetshwa kwalemboni. “Ukubakhona kwezimboni zakwaSithebe eduze kwesikhumulo sezindiza iKing Shaka Airport kanye neChweba laseThekwini kungadlala indima enkulu ekuthuthukisweni kwezimboni zakwaSithebe, kanti ngalena kwalokho sizama ngokusemandleni ukuhlenganisa izimboni zakwaSithebe nesizinda sokuthuthukiswa kwezomnotho osibizwa nge- Richardsbay Industrial Sector Special Economic Zone” usho kanje.

Phakathi kwalabo ebebeyingxeny yalomcimbi kubalwa iMeya yaseMandeni uKhansela Sphesihle Basil Zulu, uSomlomo waseMandeni uKhansela Makhosazana Zungu, uMphathiswa wekokuphepha komphakathi nezokuthutha uMnuz Mxolisi Kaunda, yizikhulu eziphezulu zakwa-Whirlpool okubalwa kuzo uMnuz Leslie Nkosi, noMnuz Trevor Graham, nalowo oyisikhulu esiphezulu kwi -Lembe Chamber of Commerce uMnuz Cobus Oelofse.



Kusukela kwesokunxele yizikhulu eziphezulu kwa-Whirlpool uMnuz Leslie Nkosi, noMqondisi uMnuz Trevor Graham, uMphathiswa wezokuThutha nokuPhepha komphakathi uMnuz Mxolisi Kaunda, uMeya waseMandeni uKhansela Sphesihle Zulu neskhulu esiphezulu kwiLembe Chamber of Commerce uMnuz Cobus Oelofse

# IZINDABA ZASE MANDENI

Ikota yesithathu | uMasingana - uNdasa 2018

## INHLOKOMO ABAFUNDI BENIKELELWA NGEMIFANISWANO EMANGETHE

Njengengxenywe yokubungaza nokugubha ikhulunyaka lempilo kaMomgameli wokuqala ngaphansi kohlelo lwentando yeningi uDokotela Nelson Rholihlahla Mandela, uMkhandlu kaMasipala waseMandeni ngokubambisana nenhlangano kaqedisizungu iNonotainment, nemboni yakwaSithebe iMetso Minerals

banikele ngemifaniswa yesikole exube izicathulo, amahembe, namabhulukwe ezingane zabafana kubafundi abahlwempu abangaphezulu kwamashumi amabili nane (24) baseMangethe Primary School, ngoLwesibili lwangomhlaziyishumi nantathu kuNhlolanja ka-2018. (13 February 2018)

omphakathi ukuba abengamaphoyisa esikole sawo ngokuthi akwazi ukunqanda labo abantshontsha baphinde balimaze impahla yesikole. UMnuz Thulani Makhoba waseMetso uthe bona njengosomabhezini bendawo bakulungele ukulula izandla baxhase abafundi noma izikole zendawo uma kunesidingo, ngakolunye uhlangothi uMnuz Nono Biyela weNonotainment uthe uzizwa ejabule ngokubayingxenywe yabantu abaletha usizo emphakathini wathi naye wake waba umfundi owayefunda ngezinsizakufunda ezingaphelele.



Kusukela kwesokunxele uKhansela we-ward uKhansela Mphile Mngadi, uNono Biyela, uSomlomo woMkhandlu uKhansela Makhosazana Zungu, uMeya woMkhandlu uKhansela Sphesihle Zulu, kanye noThishanhlolo uNksz Mathonsi.

UMeya uZulu ubonge wanconcoza kwabeNonotainment nabaseMetso Minerals ngokuqinisekisa ukuthi uxhaso lwabafundi luyatholakala, kanye nokuphosa itshe esivivaneni ohlelweni lokufukula imfundo. “Enikwenzile kuyancomeka kubukeka kuyiqhaza elikhulu entsheni yaseMandeni kanti futhi lokhu kuzosiza ukubuyisa isithunzi sengane yomuntu omnyama, kuphinde kubuyise ithemba ezinganeni eziqhamuka emindenini ehlwempu” usho kanje.

Uphinde wanxusa amalunga

Phakathi kwabebingxenywe yalolusuku kubalawa uMeya uKhansela Sphesihle Zulu, uSomlomo uKhansela Makhosi Zungu, uKhansela we-ward 9 uMphile Mngadi, uKhansela Zamisile Mdletshe obuye abenguSihlalo wabantu abasha eMandeni kanye noKhansela Melody Mdunge, uNono Biyela weNonotainment, uThulani Makhoba waseMetso Minerals kanye namalunga omphakathi.

## KUBUYEKEZWE IZINHLELO ZOMKHANDLU EMANDENI

Isigungu esiphezulu sikaMasipala waseMandeni sibenomhlangano wezinsuku ezimbili okungumhlaka 15 kuya ku16 kuMasingana ka-2018 ngenhloso yokubuyekeza izihlelo zaloMkhandlu zezinyanga zokuqala eziyisithupha zonyaka-mali ka 2017/18, eOcean Reef hotel eZinkwazi.

Ethula inkulumbo yakhe yokuvula lomhlangano uMeya waseMandeni uKhansela Sphesihle Basil Zulu uthe ngokubambisana nomphakathi uMkhandlu usemkhankasweni wokubuyisela emphakathini ngokuthi kuphuthunyiswe ukuhanjiswa kwezidingo-ngqangi kubantu baseMandeni. “Sizokwakha uhlelo lokuhambisa izidingo-ngqangi kubantu, siqinisekise ukubudlelwano obuhle phakathi koMkhandlu kanye nabahlali baseMandeni, phezu kwakho konke lokho sizoqinisekisa ukuthi umphakathi uyahlomula emathubeni emisebenzi avuleka eMkhandlwini waseMandeni kanti lokho kuzokwenzeka ngokuthi kuqalazwe kubantu bendawo kuqala uma kuvuleka amathuba emisebenzi” usho kanje. Eqhuba

uMeya uZulu ithe kubalulekile ukuthi kuphinde kukhushulwe ubudlelwano phakathi kwamaKhansela nemiphakathi ayiholayo, wathi kumele kubhekwe ngasohlangothini lwabantu abasha uma kuziwa kwezamathuba emisebenzi.

Ngakolunye uhlangothi uMenenja kaMasipala uMnuz Sizwe Khuzwayo uthe inhloso enkulu yalombuthwano ukubhekisisa idlathu noma indima edlalwa imihlangano yentuthuko edidiyelwe (IDP), ikakhulukazi ezinyangeni eziyisithupha zokuqala zikanyaka-mali ka-2017/18. “Lombuthwano yiwona ozosiqondisa, uphinde usinikeze umhlahlandlela ukulungiselela unyaka-mali wethu ozayo, nokuyinto ehambisana nobudlelwano obuhle phakathi koMkhandlu kanye nomphakathi waseMandeni, ukuhanjiswa kwezidingo-ngqangi kubantu, ukuhlelwa kabusha kwesikhungo sikaMasipala, kanye nokuthuthukiswa kwengqalasizinda” usho kanje. Isigungu esiphezulu siphinde saphakamisa ukuba kube nomgomo oqondile okumele ulandelwe uma kusetshenziswa izimo-

to zoMkhandlu kaMasipala (Municipal Fleet Policy), ukuhlelwa kwendawo entsha ezosetshenziswa njengamathuna. Phakathi kwezinye zezinto ezithe zadingidwa kulombuthwano ukulekelelwa kwentsha ekutheni kushintshe izifundo ezifundwa emakolishi aseMfolozi ngenhloso yokuthi kufundwe izifundo ezidingekayo ezimbonini zakwaSithebe khona kuzonqandeka izimo lapho izimboni ziphoqeleka ukuba ziqashe abantu bangaphandle bebe bekhona abantu baseMandeni abantula amathuba emisebenzi.



Kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla: uMnuz Cllr Mlungisi Sheleme, Cllr Xolani Mdletshe, Cllr Nomsa Shandu, iMenenja kaMasipala uMnuz Sizwe Khuzwayo kanye noCllr Linda Mdletshe. Ohlezi phansi kusukela kwesobunxele kuya kwesokudla uCllr Ntombizodwa Ntuli, uSomlomo Cllr Makhosazana Zungu, uMeya waseMandeni uCllr Sphesihle Zulu, uSekela Meya uCllr Phindile Sishi kanye noCllr Melody Mdunge.

## IZINOMBOLO EZIBALULEKILE

Mandeni Municipality - 032 456 8200  
Isithebe Clinic - 031 459 6500  
Hlomendlini Clinic - 032 454 7074/73  
Sundumbili Clinic - 032 454 7500  
Ndulinde Clinic - 032 455 2040  
Father Gerald - 032 456 2743  
Mandeni Welfare - 032 456 5000  
Sunbumbili Welfare - 032 454 1219

SASSA - 032 454 7306  
DPT of Social Development - 032 4541219  
Swimming Pool - 032 456 7715  
Sundumbili Library - 032 454 0111  
SAPS Sundumbili - 032 454 7800  
SAPS Mandeni - 032 456 7000  
SAPS New Ark -032 457 0320  
SAPS Nyoni - 032 455 1055

Love Life - 032 454 2829  
Youth Advisory Centre -032 456 8343  
Ilembe water - 083 562 8400  
Protection Service - 032 456 8273 / 082 561 1072  
Eskom Mandeni - 032 456 2004  
Eskom Call Centre - 086 0037 566  
Standby for Mandeni electricity - 076 091 3960

THE YEAR OF NELSON MANDELA BUILDING A UNITED SOUTH AFRICA